KWAZULU-NATAL PROVINCE
TREASURY
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

OFFICE OF THE MEC

Private Bag X454, PIETERMARITZBURG, 3200
2nd Floor North Tower, Natalia Building, 330 Langalibalele Street, Pietermaritzburg, 3200
Tel: 033 846 6983 or E-mail address: nkosikhona.duma@kzntreasury.gov.za

**UNGQONGQOSHE U-RODGERS ULETHA USIZO ENHLANGANWENI EQEQESHA NGOKUBHUKUDA INTSHA EKHUBAZEKILE**

Ngesonto eledlule, uNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uMhlonishwa UFrancois Rodgers usize iSiyandisa Academy ngenkathi ibungaza abantu abakhubazekile ngokungezwa. I-Siyasindisa Academy okuyinhlangano engenzinzuzo ihlele umkhankaso wokuqeqesha intsha yaseThekwini ekhubazekile ngokubhukuda nokugwema ukuminza.

I-Siyasindisa Academy yinhlangano eneminyaka engu-14 eholwa yintsha ezinze eManzimtoti. Ithimba labagqugquzeli nabaqeqeshi elizinikele kulesi sikhungo linikeza ukuqeqeshwa ngokubhukuda, ukugwedla izikebhe, nokuntweza emanzini ezinganeni ezintulayo nezikhubazeke ngokwehlukana ezihlala emalokishini amaningana aseningizimu yeTheku.

Uhlelo lwayo Lweviki Lokuqwashisa Ngezithulu beluqondise kwizingane ezivela Kwavulindlebe School for the Deaf ezinze eChatsworth.

Uhlelo luqale ngoLwesithathu zingama-18 kuMandulo kwaze kwaba uMgqibelo zingama-21 kuMandulo 2024 e-Alex Bulley swimming pool eMontclair. Abangaphezulu kuka-80 abahlomulile kubalwa izingane eziphila ne-autism, izithulu, nobumpumputhe.

Omunye wabagqugquzeli nguTerence Parkin, umbhukudi waseNingizimu Afrika ohlonishwa umhlaba wonke, owagqama kakhulu ngemuva kokuwina indondo yesiliva kuma-Olympics ehlobo ngo-2000.

I-Siyandisa Academy yanxusa uNgqongqoshe uRodgers ukuthi alekelele ngezindleko zokuthutha nezinsiza.

Ngemuva kokwenza izivivinyo ezidingekayo zokuhlola nokuhlolwa, u-MEC Rodgers wasamukela isicelo salesi sikhungo ngenxa yomlando waso omangalisayo osukela ngo-2010.

"Njengombhukudi nomuntu othanda ukuthuthukiswa komphakathi, izinhlelo eziholwa yiSiyasindisa Academy ngizishayela izandla," kusho u-MEC Rodgers.

"Kuyiphupho lami ukubona zonke izingane zaKwaZulu-Natal zithola amathuba alinganayo kungakhathalekile ngemvelaphi nangazingqinamba ababhekene nazo," engeza.

U-MEC uzibophezele ukuxhumana nezinhlaka ezidingekayo kuhulumeni ukuqinisekisa ukuthi iSiyandisa Academy inikezwa amandla ngokuqhubekayo nguhulumeni ukuze ifinyelele izingane eziningi. U-MEC uzophinde abize amalungu ezinkampani ezizimele ukuze abambe iqhaza.

UMnuz Charles Khumalo ongumsunguli walesi sikhungo uzwakalise ukubonga kuNgqongqoshe uRodgers ngokungenelela kwakhe.

"Phambilini sizamile ukuthola usizo kweminye iminyango kahulumeni kodwa sangazithola izimpendulo. Umnikelo kaMnu. Francois Rodgers usenze sakwazi ukwenza uhlelo lwethu Lweviki Lokuqwashisa Ngezithulu lube yimpumelelo" esho.

UKhumalo uchaze ukuthi phakathi kwezinselelo zabo ezinkulu kubalwa izindleko zansuku zonke kanye nezindleko zokuhamba uma abafundi babo bemenywa ukuba babambe iqhaza emiqhudelwaneni yezemidlalo.

U-Khumalo uqhube wathi basemkhankasweni wokuthola ukugunyazwa yiSigungu Samasiko, Ubuciko, Ezokuvakasha, Izivakashi, kanye Nesigungu Sezemfundo Nokuqeqeshwa Komkhakha Wezemidlalo (CATHSSETA) ukuze banikeze ukuqeqeshwa kwabahlengi okugunyaziwe.

U-MEC Rodgers uthi iSiyasindisa Academy inamandla okuguqula izimpilo zezingane nemindeni ehlomula ezinhlelweni zayo.

"Sesibonile abanye abantwana babo bethola imifundaze ezikoleni ezinezinsiza ezingcono eThekwini. Izinkakha zokubhukuda ezingabungazwa umhlaba wonke zingavela

KWAZULU-NATAL PROVINCE

TREASURY

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

“Sisazibophezele ezinhlelweni ezifukula abantu abasha abebencishwe amathuba. Izinhlelo ezinjengalezi zinamandla amakhulu okuguqula izimpilo, zinqamule umjikelezo wobubha futhi zivikele izingane zethu ekungeneni ogibeni lwezinkinga zomphakathi ezifana nokuluthwa yizidakamizwa nokukhulelwa zisencane,” kusho u-MEC.

Ikhishwe uMgcinimafa eKZN. Uma ufuna ukucaciseleka, thintana nomxhumanisi uNkosikhona Duma ku-071 383 0388.

